

Vuk'uzenzele

Produced by: Government Communication & Information System (GCIS)

English/isiZulu

Ncwaba 2019 Ushicilelo 2



GBVF's lifelong effects on children

Page 5




Banyana Banyana inspires future soccer stars

Page 16

JOBS INSIDE:

Dr Nndanganeni explores the galaxy



■ Dr Rendani Nndanganeni loves researching the impact of radiation on aviation.

More Matshediso

Nearly 10 years of tertiary study and a passion for physical science earned Dr Rendani Nndanganeni (33) her dream job as a space science researcher at the South African National Space Agency (SANSA).

SANSA is a government agency that reports to the Department of Science and Technology, and is part of the worldwide network of space weather centres and magnetic observatories. It plays an important part in monitoring the near-Earth space environment.

In simple terms, the agency works mainly with satellites.

After completing matric in rural Limpopo, Dr Nndanganeni's decade of tertiary

• Cont. on Page 2



ALSO AVAILABLE ON:



@VukuzenzeleNews



Vuk'uzenzele

National Orders nomination information inside.



FREE COPY NOT FOR SALE

Imithelela engunomphelo edalwa yi-GBVF ezinganeni

I-GBVF INGABA nomthelela obucayi empilweni yengane ngokomzimba kanye nasendleleni ekhula ngayo.



Allison Cooper

Izingane ezikhulela emakhaya anodlame olubhekiswe kwabobu-lili obuthile kanye nokubu-lalana kwabathandanayo (i-GBVF) zivame ukuzizwa zingenathemba.

Lokhu kushiwo nguDkt Dudu Ngubeni, ongudokotela ongungoti wezinkinga ezihambelana nokukhula kwezingane osebenza ku-Mnyango Wezempiro eGau-teng, okuqinisekisile ukuthi zonke izinhlobo ze-GBVF zi-ngukuphulwa kwamalungelo ezingane.

I-GBVF ichaza udlame olu-hlose abantu noma amaqe-mbu athile, ngokubuka ubu-lili babo. "I-GBVF iyinkinga esibhekene nayo emhlabeni jikelele edabukisa futhi edla-nge ngendlela eyethusayo eNingizimu Afrika," kusho uDkt Ngubeni.

"Ake ucabange nje ukuthi ukudlwengulwa nokusha-ywa kwezingane kuzenzani izingane. Phezu kokulima-la emzimbeni nezinkinga zesikhathi eside emphe-fumwleni nasengqondweni okungaholela ekuzibulalen, lokhu kuhinde kube yizi-ngqinamba zenhlalo, ukucwaswa kanye nokukhinshwa inyumbazane," kusho yena.

Izimvubeko ezingapheli ze-GBVF
Umthelela we-GBVF uyehlu-ka ezinganeni ngenxa yezici ezahlukahlukene, ezinjengo-hlobo, ukuvama nobunzulu bokuhlukunyeza. Ezinye izinto ezibangela ukukhatha-

zeke emphefumlweni emnde-nini, ezifana nomzali ogula ngengqondo noma oweiqisayo otshwaleni nasezidakami-zweni yizinkinga ezingenza umthelela ube bucayi kak-hulu.

I-GBVF ingaba ngamazwi, ngokomzimba, ngokocansi noma ngokwengqondo.

Izingane zisengozini enku-lu yezinkinga zemizwa nokuziphatha, noma ngabe zahlukunyeza zona uqobo noma umuntu oyisihlobo sazo," kusho uDkt Ngubeni.

"Kuyiqiniso elaziwa jikelele ukuthi amadoda, ezikhathini eziningi, ngawo anamagu-nya nalawula abesifazane nezingane, futhi kaningi lokhu akwenza ngokusebe-nzisa udlame. I-GBVF yemuka izingane ithuba lokukhulela ezindaweni ezizokuzivu-mela ukuthi amakhono azo athuthuke ngokugcwele.

Zingase zigcine sezingazweli buhlungu zifunde ukubona ukusetshenziswa kodlame njengezindlela ezifanele zokufeza izinhloso zazo," kusho yena.

Izingane ezincane ezikhula ngaphantsi kwesimo esine-GBVF zingase zikhombise ukukhathazeka noma ukwe-saba okukhulu; ukucindeze-leka; ukulahleka intshisekelo esikoleni, abangane noma kwezinye izinto ebezizitha-kasela ngaphambilini; izi-nkinga zokungalali kahle, kubandakanya amaphupho amabi noma ukuchama embhedeni; ukukhula ko-kwenza izinto ngendluzula; intukuthelo noma ushintsho endleleni ezidla ngayo.

Izingane ezindadlana zisa-bela ngendlela ehlukile. Abafana bangase babo-nakalise ngaphandle indlela abazizwa ngayo, ngokwenza izinto ngendluzula; ukuse-benzisa udlame ukuxazulula izinkinga; noma ukusebenzisa utshwala noma izidakamizwa ngoba befuna ukukhohlwa ngazo zonke izinto eziphaza-misayo nezimbi.

Izhkhathi eziningi amant-imbazane wona avalela ukukhathazeka kwavo ngaphakathi. Angase ahoxe ezintweni, akhathazeke noma abe nokucindezeleka; abe nezinkinga zokungadli kahle noma azilimaze ngokuzisika noma ukusebenzisa utshwala noma izidakamizwa.

**"I-GBVF
yemuka
izingane ithuba
lokukhulela
ezindaweni
ezizokuzivumela
ukuthi
amakhono
azo athuthuke
ngokugcwele."**

Ezimweni eziningi, imiphu-mela ye-GBVF ezinganeni iqhubeka isikhathi eside ngemuva kokuba ukuhluku-nyeza uqobo sekwadlula. Njengabantu abadala, nazo lezi zingane makhulu kakhulu amathuba okuba zithandane nabantu abanolame naba-

bahlukumezayo." Ucwani-ngo seluveze ukuthi izinga-ne ezikhulela ezindaweni ezi-ne-GBVF zingakhula zikhoh-lela ekuthini ngokwemvelo abantu emphakathini nakwi-dlela abaphilisana ngayo abalingani. Bese nazo zenza okufanayo ezinganeni zazo," kuchaza uDkt Ngubeni.

Izingane ingahle kubeyizona ezibhebhethekisa i-GBVF

USiliziwe Mbambo, usonhlala-kahle wokuvikelwa kwe-zingane e-Saartjie Baartman Center for Women and Children (i-SBCWC), uyavumela-na nalokhu. "Ngokuhamba kweminyaka empilweni, ingane ingahle kubeyiyo umhlukumezi noma icwile ezidakamizweni." kusho yena

I-SBCWC isingatha amacala amasha e-GBVF nsuku zonke. "Iningi lezingane ziyizisulu ze-GBVF zona uqobo noma zazi umuntu oyisihlobo sazo oyisisulu, lokho-ke kuzibeka engcupheni enkulu. Lesi sikhungo sesiqapheli ukwa-nada kwsibalo sabantu abadinga usizo kanti kubona bonke kukhona udaba le-GBVF," kusho uMbambo.

Kolunye udaba, ingane yayizama ukuzibulala ngenxa yokuntuleka kokwe-sekwa, uthando nokunakwa ngabazali. "Abazali babe-hlale beshayana behilizisana nangakwamazwi, phambi kwengane. Ngenxa yalokho, ingane yaphelela umdlandla kwizinto zesikole nalithembra kumaphupha nekusasa layo," kusho uMbambo.

Izingane zivame ukulingisa

indlela yokuziphatha eziyi-bonile. Abafana bakufunda koyise ukuba nodlame kuba-nantu besifazane. Amantombazane afunda konina ukuthi udlame luyinto ejwayelekile nento okufanele bayibekezele-le. Kodwa-ke, akuzona zonke izingane eziphindaphinda lo mkhuba. Eziningi ziyazama zigweme ukwenza ama-phutha enziwe ngabazali bazo.

Izingane nentsha esencane ezikhule ngaphansi kwezimo ezine-GBVF kufanele zihlolwe uchwepheshe oqequeshiwe wezempiro yengqondo, ozoncoma ukwelashwa okudingekayo ezinkingeni ezingokomzwelo nokuziphatha. Ukwelashwa kungafaka ukwelulekwa futhi, kwezinye izikhathi, imithi ingaba usizo. Umzali noma umnakekeli ongahlukumezi naye udinga ukwesekwa. ▶

**Ukuze uthole
imininingwane etha xaxa
noma usizo lwezingane
eziyizisulu ze-GBVF,
shayela inombolo yosizo
yamahhala ye-GBV
Command Center ku:
0800 428 428 noma
ucele usonhlalakahle
ukuthi axhumane
nawe ngokushayela
u: *120*7867#
kumakhalekhukhwini
wakho.
Ungaphinde ushayele
i-Stop Gender Violence
Helpline ku:
0800 150 150 noma
i-SBCWC ku:
021 633 5287.**